700 (42)

K13/21 F. Vilakazi

1—17*

P.P. 1-17

Uses of trees, & riddles

K13/21 ~~AA/3/24~~
F. Vilakazi (1)
Rec. 19/5/45
f. 32 5 p/p typed (10/6)

Imithi

Umkhovolhi :- Umuthi omuhle ekwenzeni amajokwe. Amagokolo :- Izithelo zawo ziyadliwa zimnandi. Umklonhlo :- Umuthi onengozi kakhulu. Uma ugawula kuyaye kuphume amasi, lamasi uma ekuthinte emzimbeni kuvela izilonda. Umsilingi :- Umuthi owawungekhokuleli lakithi wafika neziziwe wenza amapulangwe amahle. Kuthi amagabunga aze asize uma uphethwe isisu. Umnyamathi :- Umuthi osiza njengomsilingi. Uma ulunywa isisu udla amagabunga awo. Umkhuhlu :- Zimbili izinhlobo zomkhuhlu, owenkunzi nowenkomazi. Awenkuzi awunazo izinhlamvu kodwa owenkomazi unazo. Amahlamvu omkhuhlu wenkomazi kuchathuza ngawo uma ulunywa isisu. Umviyo :- Izithelo zomviyo ziyadliwa :- Iqhume :- Lenza izagila zokushaya izinyoni.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

(8) Ugagane:- Abantu bavama ukwenza ngawo izikhenkwane ngoba umuti oqinile ongadliwa umuhlwa.
Umhlakuwa:- Izinhlamvu zawo zinama futha okuhlikihlwa ngawo umisendo yezidwaba. Isibubu:- Senza izinkezo nezixembe. Umdoni:- Izithelo zawo ziyadliwa. Futhi uyabuzwa wenze iziggulo zokuzhaya izitambu. Uyethi:- Uyasiza uma umuntu ephethwe umkhuhlane. Umuthuamini:- Unezithelo ezidliwayo zithandwa abantwana ikakhulu. Umviyo:- Nawo izithelo zawo ziyadliwa. Umgagongo:- Umuthi osiza kakhulu ekuchatheni uma unamabungane esiswini. Umouzwane:- Umahlamvu awo ayagxotshwa uamuke uma uphethwe likhanda. Umthombe:- Amagxolo omthombe ayaxotshelwa kwenziwe uzi lokweluka amacansi. ~~Itho~~
Ingayi:- Senza izindwku ezinkle.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

(9) Umngamanzi :- Kuxethulwa amaxolo kwenziwe izintambo zokubopha izintungo zamaqhuguane. Iklolo : Nalo lenza izintungo zokuvakha amaqhuguana. Amasethole :- Umuthi omuhle ekwenzeni izinduku. Isikhumphashane Izithelo zaso ziyadliwa, ikakhulu zithandwa abafana. Umthungulu :- Unezithelo ezimnandi kakhulu ekwenzeni ujamu. Abanye benza amanzi amnandi okuphuza. Unweba :- Umuthi oqinile ekwenzeni izingola nezinduku. Umkhiwane :- Unezithelo ezimnandi ezidliwayo, wenze futhi amableki ezingola. Umgamu :- Izinhlamu zawo zenza utshwala obumnandi. Abantu sebaze benza nesiga sokuthi; 'Udakwe utshwala bamagamu.' Amaxolo awo adliwa umuntu osuke efelwe, kuthiwe yikhona ezogina angaphelelwa amandla.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

(10) Umazwenda :- Abafana benza ngaye izinduku. Abadala baluka ngaye kwenziwe izithebe zokudlela inyama. Umthongwane :- Izithelo zawo zithi uma seziqinile zibe izi-ziyana ezibizwa ngokuthi amathongwane kufakwe khona ugwayi ogayiweyo. Umnama :- Umuthi othandekayo ekwenzeni izindnku. Izindnku ezenziwe ngawo zinenani elikhulu. Umsimbithi :- Umuthi ovamise ukwakha izindlu, wenze nezindnku, nezimboko, namawisa. Isiphanpatho :- Umuthi wokwakha izindlu. Umthombothi :- Wenziwa izinsika ezinhle zokwakha izindlu. Umngawe :- Kugala wawuthandeka kakhulu kubaswa wona uma kwenziwa imikhonto ngoba unamalakhe amahle, futhi uthandeka

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

(ii) ngokulondoloza umlilo umetshisi umgakazana kusokhelwa ngo-
zwathi. Umphumbulu;- Umuthi omhle ekwenzeni izinduku eziqinileyo. Iqwaninga;- Izi-
mpande zalo zijasiza uma ukhwehlela, ziyagaotshwa zipheuzwe. Usolo;- Lwenza amanamfu ezingola. Isifithi;- Kwenziwa ngaso imiphini ya-
mazembe. Umkhiphampethu;- Uma inkomo inezilonda kugaotshwa lomuthi ufakwe bese zifa zonke izimpethu ziphele nya. Umthundulukwa;- Une-
zinhlamu ezidliwayo kepha azimnandi zimuncu nje.
Umzungulu;- Wenza izintambo eziqinile zokufulela amaghu-
gwana. Usondelangange;- Nxa umuntu eneziphlumba ubanjwa ngameva akhe lapho esesukwa ekhishwa. Isundu;- Amahlamvu

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

(12) Alo enza abasekidi abahle besi-
lungu. Kuthi isidumbu salo senze
imishanelo elukhuni. Linezilhelo
futhi ezidliwayo. Umgokolo :-
Lomuthi unameva amade. Abantu
bawahlama ekhanda ukuze kuthi
uma behlatshwa ngameva baba-
ngule ngawo, ikhakhulu indule
baze baveza nesisho sokuthi; Iva-
likhishwa ngelinye: Umdlebe :- Lona
umuthi ojingozi kabi uma uke
wama ngasemoyeni iphunga lawo
leza kuwe uyafa khona lapho.
Nezilwane, nezinyoni uma zikeye
zadlula kuwo zamukelwa iphunga
lawo zifela khona lapho. Lapho
umile khona ufica amathambo
sekwaba mhlophe nje ezilwane.
Ungazi :- Lomuthi ukhihliza
amahlule. Izinyanga zona
zelapha ngawo uma umuntu
eghinsika igazi enzimbeni.
Umthuma :- Izithelo zawo ziya-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

(13) siza ukuhlabela dimeleyo, ziwu-
nhlabelo. Umyezane :- Lomuthi
uyaye unqunywe ubezingaryana
ezimpisha bese kwenziwa umgexo
ofakwa ngamaqhawe ahlabene
empini. Yizona zigu zakwa zulu.
Umhluhluwe :- Umuthi onameva.
Uyaye wenziwe isicheme sifakwe
enhla namadlu enkonyaneni
ukuze lingamyisi uma lihamba
nozina. Lithi uma liyancula
ameva ahlabe umina, ethuke akha-
hlele inkonyane. Isibaha :- Lona
umuthi osiza kakhulu emkhuhla-
neni. Kugala awukho owawe-
dlula wona namanje uma
uwuthenga ubiza mani elikhulu.
Umphafa :- Kuyaye kuthi uma
izulu seline kakhulu izimbuzi
zingakwazi ukuphuma zeluke
zisikelwa wona umphafa ama-
hlamvu awo zidle wona. Insangu.
Kwakuligugu kakhulu endulo

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

(14) Ukubema insangu. Ibenywa nge gudu. Yilapho izinsizwa zazihlangana khona zixoxelane ubugha we bazo. Kwakuye kuthi insizwa ibeme magede yathula nalo, bese zithi ezinye; "Uthule nalo njena ngayiphi impi yakho na?" Aphendule athi: "Ukuthini ngahlabana nasekuthini futhi ngahlabana." Asho magede azibongele esho izibongo zakhe. Ezinye zithi, "Uthule nalo ngakhona mfoka Bani nasendaweni yasekuthini sizwa ngobugha we bakho?"

Iddebelendlovu :- Abafana baya licija benze ngalo izinkande zokuhlaba insema. Insema iphonswa ekwehleni, abafana bese beyiciba befunda ngayo ukuhlaba izinyamazane zigijima.

Umnungumabele :- umuthi omuhle ekwenzeni amajokwe nemiphini yamazembe. Umumbu :- Lona umuthi izinyanga ezalapha ngawo

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

(5) umuntu ovamise ukufelwa abantwana Umuthi wokumisela. Inyanga yelapha yelaphe ithi uma seyigeda ithathe konke ebeyelapha ngako ikuggibe ekhaya, kuthi phegulu itshale wona Umumbu. Mhla umilayo bethembe konke ekhaya ukuthi umntwana uzobakhona. Iboza: Liyasiza kakhulu uma ukhohlela, umuthi womkhuhlane, kugxotshwa amahlamvu ado aphuzwe. Inhlaba:- Kuthathwa amabege awo omileyo ashiswe engiwe umlotha osutshwa nogwayi uma ugaywa ukuze ube mnandi. Uma kukhokhwa umntwana ebeleni kuthathwa ibege elulukhlaza linindwe ebeleni athi uma efuna ukuncela ezwe libaba ibele alesabe njalo. Isihlehle:- umuthi owawaziswa kakhulu ukutshalwa phezu kwamathuna benzela ukuvimbela abathakathi ukuba bangammbululi lona ofileyo.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

(16) Intelezi :- Umuthi okuchelwa ngawo ekhaya uma kukhona umhlolo ovele ekhaya. Abaningi nanamuhla basawenza. Umhlonyane : Uyasiza kakhulu emkhuhlane ikakhulu ekuchatheni izingane. Umahedeni :- Kugxotshwa amahlamvu nezimpande zawo kulashwe izinkomo ziphuziswe bese zihuda. Umondi :- Umuthi osizayo ngokugeda ukugumba. Kusetshenziswa izimpande zawo. Uvula inhliziyo uma imnyama ingakuthandi ukudla. Umkhokha :- Izinhlamvu zawo zibomvana nebadlana elimnyama. Zifakwa esikhwameni semali kuthiwe zilethe inhlanhla yokuba uthole enye futhi imali. Baningi abasakwenza nanamuhla.
Umfusamvu :- Kuxetshwa amaqaqolo awo agxotshwe umuntu akhuphe ngawo umthakathi (inyongo).

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

(17) Ukugagelisana

Ukugagelisana loku kwakuwumdlalo owawuthandwa kakhulu ngabantu bakithi endulo. Manje sekungumdlalo nje wabantwana na kanti futhi nazo izingane seziyawukhohlwa. Endulo abadala kwakuyiyonanto bezijabulisa ngayo uma bezisphumulele.

Ukugagelisana kwenziwa kanjena:- Ngitshele igama lenyoka ende kunazo zonke uzihlabeni; (Yindlela.) Nginenkomo engadli uma ingenawo umsila; idla uma inomsila kuphela (Znatiti.) Nginomuntu wami ohamba abuye esangweni; (Umshanelo.) Nginezinsizwa ezifaka amalatshi aluhlaza, ngelinye ilanga abomvu ngelinye ilanga amnyama; (Ijikijolo.) Nginezibani ezisphahle intaba; (Amehlo.) Nginomakoti oggoke izingubo ezimhlope nesiggoko esimpofu; (Uthi lometshisi.) Nginenkomo emhlophe ehlala esibayeni

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

(18) isibomvu, (amazinyo.)
Nginabantu bami abaphakle intaba, (Izinsika zendlu.) Nginomuntu othi angawela endaweni elukhuni afe; (Ibodlela.) Nginezinkomo ezidla ehlathini elimnyama; (Izintwala.) Nginendlela ende engageini ndawo; (Umfula.) Nginewisa elibethelwe ngezipikili ezimnyama; (Ikhanda nezinwele.) Nginesiqxobo esinamakhazi amabili; (umuntu nezingalo zakhe.) Nginamanzi amnyama ahlala eshungwini; (Ilyingi.) Nginesibume okuthi ekuseni sihambe ngezinyawo ezine; emini ngezinyawo ezimbili; ntambama sihamba ngezintathu; (Umuntu osesingane akhase lapho esekhulile ahambe ngazombili, kuthi esegugile adondolozele ngoboko.)
Nginomuntu ogiya kuwe izihlangu; (umhlakuwa uma linomoya.) Nginomfazi ozala ngezimbambo; (Iovo) Nginomfazi odla alale phezu komntanakhe. (Itshe lokugaya lizitshekelwa imbokodwe ingaphansi)

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

700 K13/21 13

(19) Nginabantu abathathu oyedwa ushaya ikitali ababili bayasina, (Iwashi.)
Nginezintombi ezithwele umbondo nge-zigcazi ezimhlophe. (Izibonda zikatelefoni.)
Ngenezinkabi ezimhlophe zidonsa ugodo olubomvu; (amazinyo nolimi.)
Nginezinsizwa engithi ngingazibamba zikhale izinyembezi ezimhlophe, (Imibele yenkomo.) Nginamadoda amabili appikisana njalo uma chamba ileyo ithi yimina phambili nenye ithi imina phambili; (Izinyawo.)
Nginabantu bami abahamba zonke izinsuku nasebusuku nasemini kabaphumuli; (amazwi.)
Kukhona umuntu owema mhla ezalwa nanamuhla usamile; (Umuthi.)
Nginengama edla nezimvu ezimhlophe ezide ziya ngaphaya nangaphaya, kodwa zidla ndawonye; (Ulimi namazinyo)
Nginenkomo yami emhlophe elala endle; (amazolo.) Kukhona umuntu othunywayo kodwa kanazo izinyawo

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

(20) kodwa phezu kwako loko ushesisa
okwokhozi, akwenze othunywe kona;
(Izwi.) Nginomuntu ohamba nga-
ndlelanye abiye ngayo puthi, ka-
hambi ngenye; (Yisicaba.) Nginesi-
baya sami esingenasango, ngizihlala
khona zinggibithela phezulu;
(Yisicoco.) Nginenyoka yamiengan-
ngelwa muntu iya lapho igande
khona; (Ngumpula.) Nginesibani
esivutha njalo size sicishwe
umnikazisi; (Yilanga.) Nginebandla
lami elihlabelelayo, elithi linga-
hubela phansi kujabe oliphetheyo;
(Ukuduma kwesisu.) Nginamabutho
ami asina aphelekezelane; (Amadlambi.)
Nginezinkomo ezingena ngesango
ziphume ngentuba; Uma zike za-
phuma ngesango kuyabatshazwa.
(Ukudla okungena ngomlomo.)
Nginempisi, nenkuku namabele. Ngi-
fika emfuleni ngiwele, kodwa kufu-
neka loku engenako ngikuwezise

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

(21) ngakunye, ngigaphele impisi ingadli inkukhu, nenkukhu ingadli amabele. Uma ngihambisa impisi kugala inkukhu izosala idla amabele, kanti noma ngihambisa amabele impisi izokudla inkukhu. Manje ngizokuweza kanjani?
(Ngingakuweza kanjena:- Ngingaweza inkukhu kugala ngishiye impisi namabele ngoba kayiwadli amabele, bese ngibuya ngizothatha impisi. Uma sengifike ngapheshelya lapha kukhona inkukhu, bese ngithatha inkukhu ngibuyele nayo emuva, ngiya lapho kukhona khona amabele. Ngifike ngiyibeke inkukhu bese ngiwezisa amabele manje ngimayise lapho kukhona impisi manje. Ngibuyeke ngithathe inkukhu ngiwele nayo. Kube sengiqedileke, kwalunga.)
Ngina bantu bami abane, ababili bahamba phambili; ababili baya-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

(22) tandela. Kodwa abaficani neze, ngisho sebegijima bangakanani. Noma bemi kabathintani nakanci, (Amasondo engola.)

Nginenkosi ebusa abantu abaningi kodwa lenkosi yona ayenzi lutho uyazihlalela njena. Abantu abayise benzelayo kodwa nayo yenza yonke imizamo yokuba bathole ukudla ngaso sonke isikhathi. Uma ingake ibakhohlwe noma ilangalinye njena bangakhohlwa nokuthi bazonyakaza kanjani. Kuthe ke ngenye imini kuwela impi phakathi komkuso walenkosi. Kwasuka olukhulu utshutshiza kubantu bemukela inkosi. Bathuma izwi kuyo lokuthi: Ababoni ukuthi iyinkosi ijako kanjani abazange bona bayibeke futhi ayibenzeli lutho. Bakhathele bona ukubusa inkosi engabenzeli nohunci bafuna ukuzibusa manje. Yavuma inkosi ukuba bazibuse yabuyela

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

700 K13/21 17*

(23) eceleni ibona ukuthi kuzochitheka igazi labantu bayo ngoba yona iya bathanda. Yanele yagudlulka njena uo-batimala abantu belunywa nayizinyoka bewela nasemaweni bethi bazifunela ukudla. Balamla manje ngoba inkosi ayisabaholi ibayise ekudleni. Babona manje ukuthi kanti inkosi lena ibibabusa kahle kakhulu. Bahlangana manje babuye bayisa izwi enkosini sebeyocela uxolo ukuba ibathethelele ibhye izobabusa. Ubani igama laleyo nkosi na? (Ngamehlo.)

End. S. 700

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.